



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI U BHEKI CELE EMCIMBINI
WOKUPHOTHULA IZIFUNDO ZAMAPHOYISA OMGWAQO NGOLWESIBILI
MHLAKA 14 JULAYI 2009.**

Ngibanibingelela nonke

- Lelizwe alikwazi ukuqhubeka nokulahlekelwa izimpilo zabantu ezingu 16 000 kulimale nabaningi minyaka yonke. Akugcini ngobuhlungu nobunzima obubhekana nabalimele nemndenini yabashonile kuphela, kodwa kulahleka nemali elinganiselwa ku-R56 billion ngonyaka.
- Kuyiqiniso elingephikwe ukuthi akekho umuntu ophila kahle okungamethusi ukuzwa ngalezi zibalo ezishaqisayo. Yingakho uMnyango wezokuThutha wenza isiqiniseko sokuthi unyaka nonyaka usebenzisa izindlela ezintsha ukuzama ukuvikela izimpilo zabantu ngaphansi komgomo ka-100% COMPLIANCE.
- Eminye yemizamo yoMnyango yokuqinisekisa ukuphepha kwabantu ukwandisa amaphoyisa omgwaqo. Njengamanje sinesibalo samaphoyisa omgwaqo angu-938 kulesi sifundazwe nokulindeleke ukuthi lesi sibalo sande kulandela ukuqashwa kwamanye amaphoyisa omgwaqo.

- Namhlanje sibungaza amaphoyisa omgwaqo angu 107 akwazile ukubekezela izinyanga eziyisithupha zokufunda nokusebenza kanzima. Abangu-46 ngabesifazane kulaba. Kumaphoyisa omgwaqo aqashwe uMnyango, isibalo sabesilisa uma siqhathaniswa nabesifazane singu 5:3, nokukhombisa inqubekela phambili ekulinganiseni ubulili ngo 50/50.
- UMnyango wezokuThutha usuqashe amanye amaphoyisa angu-102 azokwandisa isibalo kuwo lo mkhakha. La maphoyisa aqale izifundo zawo kuyona le nyanga.
- Nginomyalezo obalulekile engifisa ukuwudlulisa kuwo wonke amaphoyisa omgwaqo, ikakhulukazi laba abathola iziqu zabo namhlanje. Umgomo kaHulumeni ngezinto ezibekwe eqhulwini kule minyaka emihlanu ezayo ucace bha. Okunye kwalokhu ngukulwa nobugebengu kanye nenkohlakalo.
- Ngakhoke kumele nizimisele ekulweni nezingozi zemigwaqo niphinde nilwe nabo bonke ubugebengu obenzeka emigwaqeni yethu. Ukuziphatha kwenu yikona okungasilethela noma kusixoshele izephelamthetho kulesi sifundazwe. Ngakho-ke akufanele nizihlanganise nezenzo zenkohlakalo njengokuvuma ukugwazelwa. UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal awunandawo yamaphoyisa omgwaqo akhohlakele, indawo yawo isejele.
- Ngabe angenzi ubulungiswa uma ngingahalaliseli labo bafundi abazothola imiklomelo ngokwenza kahle emsebenzini wabo. Qhubekani nomsebenzi wenu omuhle. Imiklomelo imi kanje:

- Sykes Sign Shield – Top Student
 - Instructors Trophy - Runner Up to Top Student
 - Don Gold Trophy – Compliance & Control
 - Bob Hayes Floating Trophy – Top Student Speedtiming
 - First Aid Top Student
 - Bob & Anton – Most Enthusiastic
 - Midlands Co-ordinating Traffic Committee – Best Dressed Officer
 - Eddie Elson Trophy – Good Human
 - Allan Nienaber Floating Trophy – Top Student Dangerous
 - Cyril Knoesen Trophy – Top Shottist
 - Minimum Force Institute Trophy – Defensive Tactics
-
- Sengigcina, ngifisa ukubalula ukuthi nijoyine kulo mkhakha wezomgwaqo ngesikhathi esinezinselelo emlandweni wamaphoyisa. Isifundazwe saKwaZulu–Natal silungiselela ukufika kwezivakashi ezizohamba emigwaqeni yethu ngeNdebe yoMhlaba ka-2010.
-
- Ngalesi sikhathi anizogcina nje ngokusebenzisa imishini yokuhlola izinga lophuzo oludakwayo egazini ama-Evidential Breathalyser Tests kuphela, kodwa nezinga lenu lokusebenza lizobhekwa.
-
- Nginyanigqugquzela ukuthi niqhubeke nomsebenzi wenu omuhle. Ngasosonke isikhathi niyanxuswa ukuthi niveze ukuzimisela nomoya omuhle uma nikhuluma nabasebenzisi bomgwaqo kodwa kumele ukuthi niqinise umthetho ezimweni ezidinga lokho.

Ngiyabonga